

NAL'IBALI

SEKUYISIKHATHI SOKUXOXWA KWENDABA!

Ukuxoxwa kwezindaba kuyinto engeyemvelo kubantu, kufana nokudla nokulala! Ezinye zezindaba esizixoxayo kulesi sikhathi esiphila kusona yizindaba zakudala esezixoxwe kusuka esizukulwaneni kuya kwesinye, kanti ezinye ziyizindaba ezintsha esiziqambele zona nathi.



Imihlomulo yokuxoxela izingane izindaba


- ★ Ukuxoxela izingane izindaba kukhuthaza ukujubalala komqondo wazo nokusebenzisa kwazo ulimi.
- ★ Ukuxoxa izindaba kungaxhumanisa izingane nempilo yabantu ezingabazi nokubazi, basezikhathini zakudala nasezindaweni ezikude.
- ★ Ukuxoxa izindaba ngezikhathi zakho zobungane kusiza izingane zakho ukuba zikwazi ukuxhumana nawe.
- ★ Ukuxoxa izindaba kungafundisa izingane izifundo ngempilo futhi kuzisize ukuba zicabange ngothando, umona, umusa, ukuba sezikhundleni zokuphatha, ubuhle nobubi.

IT'S STORYTELLING TIME!

Sharing stories is as natural to human beings as eating and sleeping! Some of the stories we tell today have been passed down from generation to generation, while others are new ones that we create ourselves.

The benefits of storytelling

- ★ Storytelling stimulates children's imagination and their use of language.
- ★ Stories can connect them to the lives of people they've never known, who come from long ago and faraway places.
- ★ Telling stories about your childhood helps your children to connect with you.
- ★ Storytelling can teach children life lessons and help them think about love, jealousy, kindness, power, good and evil.



Izinsuku ezigujwa ngoNdasa Days to celebrate in March

1	Usuku Lokungcwasi Nhlolo Zero Discrimination Day
3	Usuku Lokuncipha Kwekhono Lokuzwa Ezindlebeni Ear and Hearing Loss Day
3	Usuku Lomhlaba Lwempilo Yasendle World Wildlife Day
6	Usuku Lomhlaba Lwezincwadi World Book Day
8	Usuku Lwezizwe Ngezizwe Lwabesifazane International Women's Day
16-20	Isonto Lemitapo Yezincwadi ngolwe-16 kuya kwezingama-20 Library Week
20	I-ekhwinksi Yasewindla Autumn equinox
20	USuku Lwamazwe Ngamazwe Lwentokozo International Day of Happiness
21	Usuku Lwamalungelo Esintu Human Rights Day
21	Usuku Lomhlaba Lwezinkondo World Poetry Day
22	USuku Lomhlaba Lwamanzi World Water Day

Bandakanya izingane zakho ekuxoxeni izindaba

Ngaphambi kokuxoxa indaba:

- Cula iculo noma wenze umlozelo ohlobene naleyo ndaba noma-ke omunye wabalingiswa abasendabeni.
- Buza izingane ukuthi zikhona yini ezinye izindaba ezizaziyo ezifana nale ozoxoxela yona. Isibonelo, "Zikhona yini izindaba ozaziyo ezikhuluma ngezingane ezilahlekayo/ngamazimuzimu?"

Ngenkathi uxoxa indaba:

- Zibuze, "Nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?"
- Zikhuthaze ukuthi zenze imisindo elingisa okwenzeka endabeni (isibonelo, ukulingisa umsindo wokushweza komoya) noma iminyakazo yomzimba (isibonelo, ukushaya sengathi uyabhukuda uwela umfula) ukuze balingise izingxenye ezithile zendaba.

Include your children in storytelling

Before telling a story:

- Sing a song or say a rhyme linked to the story or one of its characters.
- Ask your children if they know any other stories that are similar to the story you are about to tell. For example, "Do you know any stories about children getting lost/giants?"

While telling the story:

- Ask them, "What do you think will happen next?"
- Encourage them to act out parts of the story by making sound effects (for example, making the noise of the wind) or body movements (for example, pretending to swim across a river).



Julisa umuzwa wokuxhumana nezindaba

Emva kokuxoxa indaba:

- Siza izingane zicabange ngemizwa yazo kanye nemibono ngendaba. Isibonelo, ungathi, "Uma ngixoxa le ndaba, ingikhumbuzani ukuthi babaluleke kangakanani abangane abahle. Ikukhumbuzani wena?"
- Khuluma ngokuthi kungani abalingiswa besho noma benza izinto ngezindlela ezithile endabeni nangokuthi yiziphi ezinye izindlela angakhetha ukuziphatha ngazo umlingiswa.

Deepen connections with stories

After telling the story:

- Help them think about their feelings and opinions of the story. For example, say, "When I tell this story, it reminds me of how important good friends are. What does it remind you of?"
- Talk about why characters say or do things in particular ways in the story and about what other ways the character could choose to behave.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Literacy Seeds!

Ukuzijabulisa nemidlalo yamafuleshikhadi!

Bazali nabanakekeli bezingane ezincane abathandekayo, siyazi ukuthi izingane zifunda kalula uma lokho ezifunda ngakho kujabulisa nemisebenzi eyenziwayo ithokozeleka.

Amafuleshikhadi ayindlela emnandi yokufundisa izingane zakho amagama emibala, izilwane, izithelo, izimpahla zokugqoka nanoma yikuphi okunye okufanele ubudala bazo. Amafuleshikhadi futhi kushibhile kuphinde kube lula ukuwenza.



Fun and games with flashcards!

Dear parents and caregivers of young children, we know that children learn more easily when what they are learning is interesting and the activities they do are enjoyable.


Flashcards are a fun way to introduce your children to the names of colours, animals, fruit, clothing items or any other theme that is suitable for their age. Flashcards are also cheap and easy to make.

YENZANI AMAKHADI EZILWANE

1. Namathisela ikhasi lesi-3 ephapheni elimhlophe elingasasetshenziswa.
2. Isithombe ngasinye sesilwane sinagama laso ngezilimi ezimbili eduze kwaso.
3. Sika ukhiphe isithombe ngasinye sesilwane namagama aso.
4. Goqa iqoqo ngalinye ukuze amagama abe ngemuva kwesithombe.
5. Namathisela ingemuva lesithombe ngemuva kwamagama.

Manje-ke usuneqoqo lamakhadi okudlala. Beka amakhadi nemiyalo yokudlalwa kwemidlalo endaweni ephaphile ukuze ukwazi ukudlala imidlalo nezingane zakho noma nini lapho ufuna.

Ekhasini le-13 leSishicilelo 192 kunezithombe zezilwane zasemapulazini ongazisebenzisa ukwenza elinye iqoqo lamakhadi. Zenzele awakho amakhadi ngezithombe ezisikwe emaphephabhukwini noma ngemidwebo yezinto ezahlukene.



MAKE ANIMAL CARDS

1. Paste page 3 on scrap paper.
2. Each picture of an animal has its name in two languages next to it.
3. Cut out each animal picture and its names.
4. Fold each set so that the names are behind the picture.
5. Paste the back of the picture to the back of the names.

You now have a set of playing cards. Put the cards and instructions for the games in a safe place so that you can play the games with your children whenever you want to.

On page 13 of Edition 192 there are pictures of farm animals that you could use to make another set of cards. Make your own cards with pictures cut out of magazines or with drawings of different objects.

Eminye yemidlalo engadlalwa

- Tshela izingane zakho ukuthi zibambe amakhadi kahle, zibukisise izithombe, bese zizejwayeza ukubiza amagama ozifundela wona.
- Thatha ikhadi elilodwa ngesikhathi bese ukhuluma nengane yakho ngaleso silwane. Buza: *Yini igama laso ngolimi lwakini kanye nangolunye ulimi? Sikhala kanjani? Sihlalaphi? Sidlani? Ungangixoxela indaba ethile ngalesi silwane?*
- Uma uqiniseka ukuthi ingane yakho iyasazi isilwane ngasinye, dlalani le midlalo:
 - Umdlalo wokuqagela:** Khetha ikhadi elilodwa kodwa ungayibonisi ingane yakho isithombe. Yithi: *Ngicabanga ngesilwane esithile. ...* Yinikeze umkhondo ngaleso silwane, bese uyiyeka iqagele igama lesilwane okhuluma ngaso. Isibonelo: *Yisilwane esikhulu kakhulu esiphuza amanzi ngomboko waso (indlovu).*

Another game to play

- Let your children hold the cards, look carefully at the pictures, and practise repeating the words that you say to them.
- Take one card at a time and talk to your child about the animal. Ask: *What is this animal's name in your home language and in another language? What sound does it make? Where does it live? What does it eat? Can you tell a story about this animal?*
- When you are confident that your child knows each animal, you can play this game:
 - Guessing game:** Choose one card but don't show your child the picture. Say: *I am thinking of an animal ...* Give clues about the animal, and let your child guess the name of the animal you are talking about. For example: *This is a very big animal that drinks water with its trunk (an elephant).*

Ukufunda kufanele kube yinto ethokozelewayo negculisayo! Uma izingane zakho zingasawakhumbuli amagama neminingwane yezilwane noma zingenamdlala womdlalo, beka amakhadi ubuye uzame futhi ngesinye isikhathi.

Learning should be enjoyable and satisfying! If your children don't remember the animal names and details or are not interested in the game, put the cards away and try again at a different time.



Drive your imagination



Indulamithi
Giraffe



Intshe
Ostrich



Ingwe
Leopard




Ingwenya
Crocodile




Idube
Zebra




Ubhejane
Rhinoceros




Impisi
Hyena



Imvubu
Hippopotamus



Indlovu
Elephant



Ibhubesi
Lion



Insephe
Springbok



Inyathi yamanzi
Water buffalo



Umhla zi-8 kuNdasa Usuku Lwezizwe Ngezizwe Lwabesifazane

Yakha ikholaji ukubungaza umuntu wesifazane okhethekile empilweni yakho!

(Ikholaji yisiqephu sobuciko esenziwe ngokunamathisela izinto ezahlukene njengezithombe, iziqeshana zamaphepha noma zendwangu nezinto ezincane zokuhlobisa njengobuhlalu, ezinyathiselwa ekhalibhothini noma ephepheni eliwugqinsi.)

8 March is International Women's Day

Make a collage to celebrate a special woman in your life!

(A collage is a piece of art made by pasting different types of materials, such as pictures, pieces of paper or fabric and small decorative items, like beads, onto cardboard or thick paper.)

1. Cabanga ngomunye wabesifazane obathandayo empilweni yakho.

2. Manje cabanga ngamagama amaningi ngangokunokwenzeka ongachaza ngawo lowo wesifazane. Isibonelo, uhlezi ejabule, unomusa, uyathanda ukwanga akugone, uthanda ukuxoxa izindaba futhi ungumculi.


3. Bhala uhla lwezinto ozimatanisa nalowo wesifazane. Isibonelo, umbala owolintshi, amacici amakhulu, ikhekhe likashokoledi, imoto ayishayelayo noma umsebenzi awenzayo.

4. Fumana, sika uze uqokelele:

- ★ amagama noma izinhlamvu zamagama ukuze wakhe ngazo amagama asohlwini lwakho ephuzwini lesi-2.
- ★ izithombe zezinto ezisohlwini lwakho ohlwini lwesi-3.
- ★ iziqephu zendwangu emibalabala, uqhakaza, ubuhlalu, izimbali zendwangu nezinkinobho.
- ★ isiqephu sekhalibhothi elikhulu, iglu, isikelo namapensela amibalabala, amakhokhi noma amakhrayoni.

5. Dweba owesifazane ofuna ukubungaza.

6. Hlela futhi unamathisele izinto oziziqajile ukuze wakhe ikholaji yowesifazane wakho okhethekile!



1. Think of one of the favourite women in your life.

2. Now think of as many words as you can that describe that woman. For example, happy, kind, hugs, loves stories and singer.

3. Write a list of things that you associate with that woman. For example, the colour orange, big earrings, chocolate cake, the car she drives or the work she does.

4. Find, cut out and collect:

- ★ words or letters to make up the words in your list at 2.
- ★ pictures of the things in your list at 3.
- ★ pieces of colourful fabric, glitter, beads, fabric flowers and buttons.
- ★ a big piece of cardboard, glue, a pair of scissors and coloured pencils, kokis or crayons.


5. Draw the woman that you want to celebrate.

6. Arrange and paste the things you have collected to make a collage of your special woman!

Yandisa umtapo wezincwadi wakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.

Ubhubesi wayengakaze ayizwe into enjalo. Ngokushesha wathi kuNogwaja, uMpungushu, uNgwe noMvubu mabablandele futhi bebonke bashesha bayohlasela le nunu.

“Futhi izilwane ezisesiswini sayo bezifuna ukusihlasela!” kusho uMvubu.

“Igwinje nethafa,” kwengeza uNogwaja.

“Igwinje unogwaja, impungushu, ingwe nemvubu,” kuchaza izilwane, zonke zikhuluma kanjengekanye.

Zaxoxela ubhubesi indaba yenunu. Lezi zilwane ezine zabalaka ziyofuna ubhubesi.

Lion had never heard of such a thing. He immediately ordered Rabbit, Jackal, Leopard and Hippo to follow closely behind and together they rushed off to attack the monster.

“And the animals in its stomach wanted to attack us!” said Hippo.

“It also swallowed the veld,” added Rabbit.

“It swallowed a rabbit, a jackal, a leopard and a hippo,” they explained, all talking at the same time.

The four animals ran to find Lion. They told Lion the story of the monster.



Rabbit had never seen a mirror before. So when she found a mirror in the veld and saw herself reflected in it, she thought a strange animal had swallowed her and the bushveld. She ran to warn the other animals, but it swallowed every animal that came to see it.

This story was specially created for Nalibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



UNogwaja wayengakaze asibone isibuko phambilini. Ngakho lapho esithola ehlanzeni futhi ezibona kuso, wacabanga ukuthi kunenunu ebagwinyile yena nethafa. Wagijima wayoxwayisa nezinye izilwane, kodwa yagwinya zonke izilwane ezeza zizoyibona.

Le ndaba yenzelwa iNalibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

Get story active!

- ★ Can you draw a picture of your own face? When you have finished your drawing, hold your drawing next to your face while you look in the mirror. Does your drawing look like you?
- ★ Think about this: Why do you think the monkey knew what the mirror was?
- ★ You and a partner can role-play being mirror images of each other. When you do something, your partner should mirror the action. So when you move your right arm, your partner should move their left arm in the same way to create a mirror image.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Ungasidweba isithombe sobuso bakho? Uma usuqedile umdwebo wakho, bamba umdwebo wakho eduze kobuso bakho ngenkathi uzibuka esibukweni. Ingabe umdwebo wakho uyefana nesithombe sakho esibukweni?
- ★ Cabanga ngalokhu: Ucabanga ukuthi inkawu yazi kanjani ukuthi siyini isibuko?
- ★ Wena nozakwenu shayani sengathi omunye ungumfanekiso womunye osesibukweni. Uma wenza okuthile, uzakwenu uyakulingisa lokho okwenzayo esibukweni. Ngakho uma unyakazisa ingalo yakho yesokudla, uzakwenu naye kufanele anyakazise ingalo yakhe yesobunxele ukuze enze umfanekiso wesibuko.

Nalibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNalibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.




Drive your imagination

When the animals got close to where the mirror was, Rabbit and Jackal stood back. They were afraid that the monster would swallow them. But Leopard and Hippo bravely ran forward to attack the monster. When they saw another hippo and leopard running towards them, they got such a fright that they ran away screaming, “A monster! A monster!”

Ngenkathi izilwane zisondele lapho kwakunesibuko khona, uNogwaja noMpungushu basala ngenmva. Babesba ukuthi inunu izobagwinya. Kodwa uNgwe noMvubu bagijima bayohlasela le nunu. Lapho bebona enge imvubu nengwe zigijima ziza kubona, bethuka babaleka bekhala, “Inuni! Inuni!”

When the animals got close to where the mirror was, Rabbit and Jackal stood back. They were afraid that the monster would swallow them. But Leopard and Hippo bravely ran forward to attack the monster. When they saw another hippo and leopard running towards them, they got such a fright that they ran away screaming, “A monster! A monster!”

The mirror in the bushveld



Isibuko esisethafeni

Melody Ngomane • Maria Lebedeva


Ideas to talk about: Look at the cover picture of the story. What do you notice about the rabbit compared to its reflection in the mirror? What do you think this story is about?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Buka isithombe sekhava yendaba. Yini oyiqaphelayo ngonogwaja uma uqhathaniswa nesithombe sawo esisesibukweni? Ucabanga ukuthi le ndaba imayelana nani?


“Mvubu, sicela uze uzosisiza. Inunu igwinge ithafa nezilwane ezintathu ezinjengathi nse!” kusho uMpungushu, ekhuluma eshesha. U’Mvubu akazange abanake futhi waqhubeka nokuthokozela ukubhukuda. Wayecabanga ukuthi lezi zilwane zazizama ukumphica. Kodwa lapho ebona indlela ezazithuthumela ngayo, waphuma emanzini. Ngakho u’Mvubu, uNgwe, uMpungushu noNogwaja baphuthuma lapho kwakukhona isibuko.



On their way, the animals came across Monkey who looked as if he was searching for something. He jumped in front of Lion. “Oh, Lion, I am so glad to see you,” Monkey said. “Please help me find my mirror. Someone has stolen it.” “Out of our way, Monkey. We have something more important to do. We are going to attack the monster that swallowed the veld and the animals,” said Lion impatiently.



It was a hot day in the African bushveld, so Rabbit decided to hop down to the river for a drink of water. She was hopping along a dusty path when she saw something flashing in the sunlight. What could it be?





Kwakuwusuku olushisayo ethafeni lase-Afrika, ngakho uNogwaja wanquma ukuya emfuleni ayophuza amanzi. Wayegxumagxuma emzileni owubhuqu lapho ebona isibuko simenyezela elangeni. Yini leyo?



Wathengisa amakhabe akhe ngenani eliphansi.
Izilwane eziningi zazithenga kuMpungushe
Okhaliphile.

He sold his watermelons for a cheap price.
Many animals bought from Foxy Joxy.



Emva kwalokho wayesiligwalisa
ngamanzi! Wayesethatha inalithi nokotini
wayesehunga ehlanganisa ikhabe futhi.

Then he filled it with water! He took
a needle and thread and sewed the
watermelon back together.

Lots more free books at bookdash.org



Get story active!

- ★ Draw pictures of the animals playing rugby with the watermelon when Foxy Joxy was stuffed inside it. You can add the text from that part of the story to your pictures.
- ★ Do you think the other animals' idea to teach Foxy Joxy a lesson was a clever one? What else do you think they could have done to teach Foxy Joxy not to cheat?
- ★ Write a letter to Foxy Joxy. Explain to him why he should behave better towards the other animals, and give him some ideas for doing so.



Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Dweba izithombe zezilwane zidlala ibhola lezinyawo ngekhabhe ngesikhathi uMpungushe Okhaliphile sezimxhishe phakathi kulona. Ungengeza umbhalo othathwe kuleyo ngxenye yendaba ezithombeni zakho.
- ★ Ucabanga ukuthi umbono wezinye izilwane wokufundisa uMpungushe Okhaliphile isifundo wawuhlakaniphile? Ucabanga ukuthi yini enye ababengayenza ukuze bafundise uMpungushe Okhaliphile ukuyeka ukuba umkhohlisi?
- ★ Bhala incwadi eya kuMpungushe Okhaliphile. Mchazele ukuthi kungani kufanele aziphathe kahle uma enezinye izilwane, futhi umnikeze nemibono angayisebenzisa ukwenza lokho.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your
imagination

Foxy Joxy plays a trick



UMpungushe Okhaliphile uyabaphica

Mdu Ntuli • Nahida Esmail
• Samantha Rice


Ideas to talk about: What does it mean to play a trick on someone? Have you ever played a trick on someone? What did you do? Has someone ever played a trick on you? How did it make you feel?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Kuchaza ukuthini ukuphica umuntu ngeqhinga elithile? Ukhona umuntu owake waphica ngeqhinga? Wenzani? Ukhona umuntu owake waphica wena ngeqhinga elithile? Kwakwenza wazizwa kanjani lokho?



“Leli khabe linamanzi kuphela ngaphakathi, kukhononda uSinkawunkawu Nkawu.”

“This watermelon has only water in it,” complained Funky Monkey.




Foxy Joxy was a sly fox. He sold big, fresh watermelons.

UMpungushe Okhaliphile wayeyimpungushe eyiqili. Wayethengisa amakhabe amakhulu, amasha.


UMpungushe Okhaliphile wayeschlaselwa yisiyezi! Wasifunda isifundo sakhe, akaphindanga waganga ngabanye futhi.




“Well, you got what you paid for,” said Foxy Joxy.
“Kuhle phela, uthole lokhu okukhokheleyo,”
kusho uMpungusho Okhaliphile.




Foxy Joxy was dizzy!
He learnt his lesson and never cheated again.



He slit open a big watermelon, scooped
out the fruit, and gobbled it up.
Wahlephula ikhabe elikhulu, wakhiphha
ubuthumbu, wabumimlira.




WATERMELONS FOR SALE!
AMAKHABE ATHENGISAYO LAPHA!





Foxy Joxy had a clever idea.
UMpungushe Okhaliphile wayensu elihlakamiphile.



“Your price is too high,” said Rabbit Jabbit.
“You are asking too much,” said Gia Giraffe.

“Imali oyibizayo iningi kakhulu,” kwasho uGwajo Nogwaja.


“Ufuna imali eningi kakhulu,” kusho uMadlula Ndlulamithi.

“Kufanele uMpungushe Okhaliphile simfundise isifundo,” kusho uSidlola Ndlouu.
Izilwane zahlangana ndawonye zaqhamuka nesu elithile.
“Nginesu mina,” kusho uKhovula Sikhova.



“We need to teach Foxy Joxy a lesson,” said Ellie Elephant.
The animals gathered around and came up with a plan.
“I have an idea,” said Oliver Owl.

They took an empty watermelon, stuffed Foxy Joxy into it and played a game of rugby with it.



Zathatha ikhabe elingenalutho, zafaka uMpungushe Okhaliphile phakathi, zase zidlala umdlalo webhola likanobhutshuzwayo ngalo.

Endleleni, bahlangana noNkawu
 owayebukeka sengathi ucinga okuthile.
 Wagxumela phambi kukaBhubesi.
 “Hha, Bhubesi, ave ngijabula ukukubona,
 kusho uNkawu. “Ngicela ungisize
 ngithole isibuko sami. Kunomuntu
 osintshontshile.”
 “Suka endleleni, Nkawu. Sinento
 ebaluleke kakhulu okumele sijenze.
 Sigohlasele inunu esigwinye
 ithafa nezilwane,” kusho uBhubesi
 engenasineke.

“This is a mirror, not a monster,” explained
 Monkey holding up his mirror. “You look at
 yourself in it. See, that’s me in the mirror.”

When the animals heard this, they all started
 laughing. And then they took turns admiring
 themselves in the mirror!


“Lesi yisibuko, akuyona inunu,” kuchaza
 uNkawu ebambe isibuko sakhe.
 “Uzibuka wena kuso. Bheka, yimina lo
 osesibukweni.”

Lapho izilwane zizwa lokhu, zonke zavele
 zahleka. Zase zishintshana ngokuzibuka
 esibukweni!

Jackal and Leopard followed Rabbit to where the
 monster was.
 Slowly they crept up to the mirror. When they got close,
 they saw three animals looking at them. The animals
 inside the monster’s stomach looked just like them!
 They screamed in fright and ran down to the river to
 call Hippo.
 “Hippo, please come and help us. A monster has
 swallowed the veld and three animals just like us!” said
 Jackal, talking as fast as possible.
 Hippo didn’t pay much attention to them and continued
 to enjoy her swim. She thought the three animals were
 trying to trick her. But when she saw how terrified they
 were, she got out of the water.
 Then Hippo, Leopard, Jackal and Rabbit rushed to the
 place where the mirror was.
 Lezi zilwane ezine zabalaka ziyofuna uBhubesi. Zaxoxela
 uBhubesi indaba yenunu.
 “Igwinye unogwaja, impungushu, ingwe nemvubu,” kuchaza
 izilwane, zonke zikhuluma kanjengekanye.
 “Igwinye nethafa,” kwengeza uNogwaja.
 “Futhi izilwane ezisesiswini sayo bezifuna ukusihlasela!” kusho
 uMvubu.
 UBhubesi wayengakaze ayizwe into enjalo. Ngokushesha wathi
 kuNogwaja, uMpungushu, uNgywe noMvubu mababalandele
 futhi bebonge bashesha bayohlasele le nunu.

Rabbit had never seen a mirror before so she thought
 that it was a strange animal. She cautiously hopped
 closer. To her surprise, she saw the veld inside it and
 there was also a little white rabbit staring back at her.
 “That rabbit looks just like me!” Rabbit whispered, her
 voice trembling with fear.

Then she ran as fast as she could to find help. “Help!
 Somebody please help me!” she cried.



UNogwaja wayengakaze asibone isibuko phambilini ngakho
 wacabanga ukuthi kwakuyinunu engavamile. Wasondela
 ngokuqapha. Wamangala lapho ebona nethafa kuso, kanye
 nonogwaja omncane omhlophe omgqolozele. “Lo nogwaja
 ufana nami!” uNogwaja esholo phansi, izwi lakhe lithuthumela
 wuvalo.

Wabe esegijima ngokushesha eyofuna usizo. “Sizani! Ngicela
 ningisize bo!” ekhala.

“Inunu? Ikuphi?” kubuza uMpungushe, ezamula. “Isendleleni eqonde emfuleni. Isigwinye lonke ithafa nonogwaja omncane omhlophe onjengami.” kuchiphiza uNogwaja. “Uma inunu igwinye ithafa, kungani thina silapha futhi singekho ngaphakathi kwayo?” kubuza uMpungushe. UNogwaja akakwazanga ukuphendula lowo mbuzo. Ngakho, uNogwaja noMpungushe banquma ukuyocela uNigwe ukuba bahambe naye ukuyobona le nunu.

“A monster? Where?” asked Jackal, yawning. “It’s on the path on the way to the river. It has swallowed the veld and a little white rabbit like me,” sobbed Rabbit. “If the monster has swallowed the veld, why are we here and not inside the monster?” asked Jackal. Rabbit could not answer this question. So, Rabbit and Jackal decided to ask Leopard to go with them to see the monster.

Jackal was resting in the shade of a big tree after hunting. He pretended not to hear Rabbit and hoped that another animals would help her. He felt too tired to help. But Rabbit ran straight to him.

“Jackal, help! A monster, a monster!” cried Rabbit.

UMpungushe wayeziphumulele emthunzini wesihlahla esikhulu ngemuva kokuzingela. Wenza sengathi akamzwanga uNogwaja futhi ethemba ukuthi ezinye izilwane zizomsiza. Yena wayekhathele kakhulu ukuba angasiza. Kodwa uNogwaja wavele waqonda ngqo kuye.

“Mpungushe, siza! Kunenunu, inunu!” kukhala uNogwaja.



UNkawu wasuka endleleni, kodwa wanquma ukuzilandela lezi zilwane ngoba wayefuna ukubona ukuthi le nunu ibukeka kanjani. Ngesikhathi izilwane zisondele lapho kwakukhona isibuko, uMvubu noNigwe bagijjima beqonde esibukweni. Kodwa lapho bebona iqoqo lezilwane ezithukuthethele ligijjima liqonde kubo, bonke bahlakazeka futhi bacasha otshehini obude.



Monkey moved out of the way but decided to follow the animals because he was curious and wanted to see what the monster looked like. When the animals got close to where the mirror was, Lion, Hippo, Jackal and Leopard charged the mirror. But when they saw a group of angry animals charging toward them, they all scattered and hid in the long grass.

When Monkey realised that the animals were terrified of his mirror, he burst out laughing. He ran to the mirror, smiled at his reflection and said, “I have been looking for you all day, my mirror.”

When the other animals saw how friendly the monster was to Monkey, they crept out of their hiding places.



Ngenkathi kuhlaluka kuNkawu ukuthi izilwane zazesaba isibuko sakhe, wavele wafa yinsini. Wagijjima waya esibukweni, wazibuka ehleka futhi wathi, “Bengikucinga usuku lonke, sibuko sami.”

Lapho ezinye izilwane zibona ubungane bale nunu kuNkawu, zaphuma kancane kancane lapho zazicashe khona.

Izinto eziyi-11 esithanda ukuzizwa!

Tlotla leinaane!

Eba mahlahahlaha ka pale!

Nkanegele kanegelo!

Ngicocela indatjana!

Ndibalisele ibali!

Ndzi runguleli ntsheketo!

Coca indzaba!

Vertel vir my 'n storie!

Mmbudzeni tshitori!

Ngixoxele indaba!

Tell me a story!

11 things
we love
to hear!





Udevu lwebhubesi



Ibhalwe nguNatasha Simon ■ Imifanekiso ngu-Vian Oelofsen

UThabo wakhulela epulazini nonina, uyise, abafowabo nodadewabo. Wonke umuntu wayesiza ukwenza umsebenzi wasepulazini, kodwa iqiniso nje ukuthi uThabo wayengawuthandi umsebenzi wasepulazini. Kwakulukhuni kuThabo ukubekezelela ukwenza umsebenzi wasepulazini onzima nelanga lishisa bhe nsuku zonke.

Uyise kaThabo, ngakolunye uhlangathi, wayewujabulela umsebenzi onzima futhi elithanda ipulazi. Wayengawuqondi umoya kaThabo wokungalaleli. Langa limbe, ngemva kokuhilizisana okushubile ngamazwi phakathi kukayise nendodana, uThabo wathatha okuncane okwakungokwakhe walifulathela ipulazi waya kwanhliziyo ngise ukuze ayofeza amaphupho akhe edolobheni.



Emva kweminyaka eminingi uThabo waqala ukuba nokulangazelela kakhulu umndeni wakhe, ikakhulukazi uyise. Wazisola ngendlela ahamba ngayo epulazini wafisa ukubuyisana nabathandiwe bakhe. Kodwa ukwesaba ukubhekana noyise kwamithena amandla.

Nakuba uThabo ayehamba efuna izeluleko zokuthi angabulungisa kanjani ubuhlobo bakhe noyise, akukho nowodwa umbono owamnika ukuzethemba okwanele ukuthi angabuyela epulazini abhekane noyise.

Ngelinye ilanga, umngane kaThabo wathi, "Ubuzwile nje ngendoda ehlaniphihle ehlala efulethini elikude ngekhlomitha elilodwa nje kuphela nasenkabeni yedolobha? Kuthiwa inolwazi lwekhethele namandla okuqonda izimfihlakalo."

"Ngiyabonga!" kusho uThabo. "Mhlawumbe ingangeluleka ngokuthi ngingabuyisana kanjani nobaba angixolele."

Ngakusasa uThabo wavakashela indoda eyisazi. Wathulula konke okwakusenzizweni yakhe, elanda ngokuzisola kwakhe nesifiso sakhe esikhulu sokubuyisana noyise.

Indoda eyisazi yayilalelisa indaba kaThabo yase ithi, "Ukulungisa okubonakala kungenakulungiseka, kufanele uqale uhambo olungejwayelekile. Ngeke kube lula, kodwa ikhona indlela yokuphumelela. Umsebenzi wakho ukuba ungilethele udevu oludonswe esilevini sebhubesi ngesandla sakho mathupha. Kumele ukwenze lokhu ibhubesi libhekile. Ayikho enye indlela."

Inhliziyo kaThabo yajabha uma ecabanga ngalokho okwakufanele akwenze. "Kufanele ngidoncule udevu esilevini sebhubesi libhekile!" kukhala uThabo kumngani wakhe. "Lona umsebenzi ozwakala uyinto engenakwenzeka!"

"Ungakwenza lokho!" kuqinisekisa umngani wakhe.

Nakuba ukucabanga nje ngalo msebenzi kwakufakela uThabo itwetwe, kodwa ukulangazelela kwakhe ukubuyisana noyise kwaba namandla ngaphezu kovalo

lwakhe. Ngakho, ngelinye ilanga ekuseni, uThabo waqala uhambo lwakhe.


Walishiya idolobha wathola indawo yokuhlala esigodini esincane esisonqenqemeni lwesiqiwi. Wasuka lapho wayofuna inkunzi yebhubesi ezihlalele yodwa. Ekugcineni, wathola umgede, phakathi kuwona walibona ibhubesi.

Okulandelayo kwaba umsebenzi wokuzisondeza ebhubesini lize limethembe. Usuku nosuku, ngenkathi ehlezi buqamamana nalo, uThabo wayehleba amazwi apholile emoyeni. Walibuka futhi walifunda ibhubesi nemikhuba yalo, ukuthi lalithandani futhi yini elalingayithandi, kanjalo nezikhathi lapho lalibonakala likhululekile kakhudlwana khona.

UThabo wabe esefikelwa yiqhinga. Nsuku zonke wayefika ephethe isigaxa senyama entsha esongwe ngokucophelela. Wayethi uma ebona ibhubesi, abeke inyama phezu kwedwala enze isiqiniseko sokuthi ibhubesi liyabona ukuthi iyisipho esivela kuye.

Ekuqaleni, ibhubesi laphendula ngomsindo wokubhonga okunamandla okwakukhala kwenanele ihlane lonke. Noma kunjalo, uThabo wabekezela, wade ebuya nsuku zonke ekhuluma amazwi amnandi apholile.

Ekugcineni, ukubhonga kwebhubesi kwathamba. Lamvumela futhi uThabo ukuba asondele kulo, kwaze kwaba yilapho uThabo ebeka inyama eduze kwemihlathi yalo enamandla. Ekugcineni, nangezandla eziqhaqhazelayo, uThabo waludoncula ngokukhulu ukucophelela udevu esilevini sebhubesi.



Eselubambe ngesandla esiqinile udevu lwebhubesi, uThabo wabuyela endodeni eyisazi. Ngokuzithoba okukhulu nokubonga uThabo wayinika indoda udevu oluyigugu. Wahlala phansi elindele ukuthi isazi siqale ukwenza umkhuba othile ngodevu. Kunalokho, indoda ehlaniphihle yaphonsa udevu emilweni ovuthayo ngaphandle kokukhuluma!

UThabo wethuka woma futhi edidekile. "Ukwenzeleni lokho?" ekhamisa. "Ngibeke impilo yami engcupheni ngifuna lolo devu!"

Indoda ehlaniphihle yambuka ngomoya ophansi yaphendula, "Awungitshela, Thabo, kulula yini ukuthobisa inhliziyo yengonyama kunokukhuluma noyihlo omthandayo? Uyihlo akave efuna ukuthandwa yindodana yakhe ngaphezu kokuba ibhubesi lifuna inyama?"

UThabo walizwa enhliziyweni yakhe iqiniso lamazwi endoda ehlaniphihle futhi wayibonga ngosizo lwayo. Njengoba uThabo wayehamba nje, wayazi ukuthi kuzoba umsebenzi onzima ukulungisa ubudlelwane bakhe noyise, kodwa konke kwakuzomsiza ekugcineni. Ngokuhamba kwesikhathi wabona ukuthi, ngokuzimisela nokuba nenhliziyo ethobekile wayezophumelela.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- Dwebisa isithombe sebhubesi. Faka umbala esithombeni bese usibeka lapho umndeni wakho uzosibona khona.
- Ucabanga ukuthi yini engcono, impilo yasepulazini noma impilo yasedolobheni? Yenza uhla lwezinto ezinhlanu ezinhle ngempilo yasepulazini kanye nezinto ezinhlanu ezinhle ngempilo yasedolobheni.

- Ucabanga ukuthi uThabo wayezothini kuyise? Bhala incwadi evela kuThabo eyibhalela uyise ngemva kokuhlangana nebhubesi.



The lion's whisker

By Natasha Simon ■ Illustrations by Vian Oelofsen

Story corner



Thabo grew up on a farm with his mother, father, brothers and sisters. Everyone helped with the work on the farm, but the truth was that Thabo really didn't like it. He couldn't bear doing the hard farm work under the scorching hot sun every day.

Thabo's father, on the other hand, enjoyed the hard work and loved the farm. He could not understand Thabo's rebellious spirit. One day, after a heated argument between father and son, Thabo took what little he owned and left the farm to follow his dreams in the city.



Many years went by and Thabo began to feel a deep longing for his family, especially his father. He regretted the way he had left the farm and longed to make peace with his loved ones. But the fear of facing his father paralysed him.

Although Thabo searched and searched for advice on how to mend his relationship with his father, none of the ideas he heard gave him the confidence to return to the farm to face his father.

One day, Thabo's friend said, "Have you heard of the wise man who lives in a flat only a kilometre from the city centre? Apparently, he has special knowledge and mystical powers."

"Thank you!" said Thabo. "Maybe he can give me advice on how to regain my father's favour."

The next day Thabo visited the wise man. He poured his heart out, sharing his regrets and his earnest desire to reconcile with his father.

The wise man listened attentively to Thabo's story and then he said, "To fix what seems unfixable, you must embark on an exceptional quest. It will not be easy, but there is a way to succeed. Your task is to bring me a lion's whisker plucked by your very own hand. You must do this while the lion is awake. There is no other way."

Thabo's heart sank at the thought of what he had to do. "I have to pluck a lion's whisker while it is awake!" Thabo cried to his friend. "The task seems impossible!"

"You can do it!" his friend assured him.

Although the thought of the task filled Thabo with dread, his longing to make amends with his father burned brighter than his fear. So, early one morning, Thabo set off on his quest.


He left the city and found a place to stay in a small village on the edge of a nature reserve. From there he sought out a lone male lion. Eventually, he found a cave and saw a lion inside.

Next came the task of gaining the lion's trust. Each day, while keeping a safe distance, Thabo whispered soothing words into the wind. He watched and learnt the lion's habits, what it liked and disliked and the moments when it seemed less tense.

Then Thabo came up with a plan. Every day, he carried a carefully wrapped piece of fresh meat with him. When he saw the lion, Thabo laid the meat on a rock, making sure that the lion saw that the gift was from him.

In the beginning, the lion responded with fierce growls that echoed through the wilderness. Nevertheless, Thabo persevered, returning day after day with meat and soothing words.

Eventually, the lion's growls grew softer. He also allowed Thabo to come closer and closer until Thabo placed the meat within reach of the lion's mighty jaws. Finally, and with trembling hands, Thabo carefully plucked one of the lion's whiskers.



With the lion's whisker firmly in his grasp, Thabo returned to the wise man. With great humility and gratitude Thabo handed over the precious whisker. He sat back, waiting for the wise man to begin a ritual with the whisker. Instead, the wise man tossed the whisker into the crackling fire without a word!

Thabo was shocked and confused. "Why did you do that?" he gasped. "I risked my life for that whisker!"

The wise man looked at him calmly and replied, "Tell me, Thabo, is it easier to soothe the heart of a lion than that of a beloved father? Does a father not want the affection of his son more than a lion wants meat?"

Thabo felt the truth of the wise man's words in his heart and thanked him for his help. As Thabo walked away, he knew it would be hard work to mend his relationship with his father, but it would all be worth it. He realised that with time, determination and a humble heart he would succeed.

Get story active!

- Draw a picture of a lion. Colour in the picture and put it where your family will see it.
- What do you think Thabo could say to his father? Write a letter from Thabo to his father after his experience with the lion.

- What do you think is better, life on a farm or life in the city? Make a list of five positive things about farm life and five positive things about city life.

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

Thola umehluko oyisi-8 kulezi zithombe ezimbili.



Find 8 differences between these two pictures.



2.

UNoodle waya kohamba ehlathini. Ungakwazi ukumsiza akwazi ukufika ngokuphepha ekhaya kuBella?

Noodle went for a walk in the forest. Can you help him get home safely to Bella?



3.

Dlalani umdlalo wokuxoxa indaba lapho umuntu ngamunye eqenjini exoxa ingxenye yendaba.

Play a storytelling game where each person in a group tells a part of the story.

Ukuze ulungiselele umdlalo, khetha amathoyizi noma izinto ezinhlanu bese uzifaka esikhwameni ongakwazi ukubona okuphakathi kusona.

- Bonke abaseqenjini abahlale benze isikokela.
- Nikeza umuntu ozoqala indaba isikhwama bese uthi akakhiphe into eyodwa esikhwameni ngaphandle kokuyibheka.
- Kufanele aqale indaba ngokuthi Kwasukasukela ... bese ehlela indaba esebenzisa into ayikhiphe esikhwameni. Isibonelo: Uma ekhipha ukhiye esikhwameni, angathi: *Kwasukasukela, ngendoda eyayinothe kakhulu, yabe isivalela igolide layo esisefweni sensimbi esikhulu ... yalahlekelwa ukhiye wesisefo ... Yathi uma ibheka ngaphansi kombhede wayo ...*
- Dlulisela isikhwama kumuntu olandelayo ukuze iqhubeke indaba kuze kube yilapho wonke umuntu esethole ithuba.



To prepare for the game, choose five toys or objects and put them in a bag that you cannot see through.

- Let everyone in the group sit in a circle.
- Give the bag to the person who will start the story and have them pull one object from the bag without looking into it.
- They should then start the story with *Once upon a time ...* and set up the story using the object that they pulled from the bag. For example: If they pulled a key out of the bag, they could say: *Once upon a time, there was a very rich man who locked up his gold in a big iron safe ... he lost the key to the safe ... When he looked under his bed ...*
- Pass the bag to the next person to continue the story until each person has had a turn.



UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:



Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by ZabeNguni Media. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your
imagination

